



# Ubefuna ukuba nguthisha usomabhizinisi

IZINGWAZI ZAKITHI:


THANDEKA NGOBESE



KUTSHALWE ngisho iklabishi epulazini likaNkk Gumede, iNtathakusa.



BEKUYISIKHATHI sesivuno se-grapefruit epulazini likaNkk Simangele Gumede njengoba kubonakala izinqola zigcwele zichichima lesi sithelo. **IZITHOMBE: ZITHUNYELWE**



UNKK Simangele Gumede ekha i-grapefruit esepulazini lakhe.

**U**KHULE efisa ukuba nguthisha owesifazane wase-Showe ongokuqala omnyama KwaZulu-Natal ukuba nepulazi elitshale i-grapefruit, okuyisithelo esingazwani nokushisa nokubanda.

UNkk Simangele Gumede, ongumnikazi weNtathakusa Farm - engamahekitha awu-220 - ese-Nkwalini, KwaZulu-Natal, uthi ubenephupho lokufundisa izingane kodwa langafezeka ngenxa yokushoda kwemali, wagcina esepulazi.

Kuleli pulazi utshale i-grapefruit, amawolintshi, ulamula, umoba nemifino. Eminye yemikhqizo yakhe, okuyi-grapefruit namawolintshi, useyithumela emazweni aphešheya okubalwa kuwo awase-Europe nawase-Asia - kakhulukazi eMiddle East - kanti eNingizimu Afrika uyithumela ema-wholesaler asePort Elizabeth, wona ayi-tshale ezitolo.

Izinkampani ezakha i-grapefruit juice ne-orange juice, ziyi-oda kuyena imikhqizo ngokunjalo nama-fresh produce market athenga kuyena imifino okubalwa iklabishi, i-spinash nezaqathe.

Nezitolo zasendaweni ziyasi-

zakala kuyena ngemikhqizo. Utshele **ILANGA** ukuthi ugcine esezihlalele phansi ekhulisa izingane zakhe emuva kokungafezeki kwephupho lakhe lokuba nguthisha.

“Ngenxa yesithukuthezi sokuhlala ekhaya ngingenzi lutho, ngigcine sengihlangana nabanye omama senza umfelandawonye.

“Sicele uhulumeni ukuba usinike leli pulazi kodwa okuthe uma sekufanele lisetshenzwe, bonke laba abanye bayeka ngoba bebengefuni ukutshala, befuna ukufuya. Ngigcine sengisele noMnu Sibusiso Gumede engishade naye, saqhubeka sasebenza.

“Mina ngixile kwi-citrus fruit kanti yena uxgile emobeni esiwudayisela uTongaat Hullets,” kusho uNkk Gumede.

Uthi beqala ukutshala, bekungelula njengoba lezi zithelo bebengezaki ukuthi zitshaliwa kanjani.

“Yize ekhaya ngikhule sitshala ukolweni nommbila, kodwa lezi zithelo bezizintsha kithina, besizihlomisa ngolwazi nangokufunda ukuze lo msebenzi ukhule uze ufike kuleli zinga okulona. Sisaqala bekungelula. Imali yokuthenga izinto zokusebenza - okuba-

lwa kuzo ogandaganda - ibingekho, sasizwa wumnyango wezolimo nokuthukiswa kwezindawo zasemakhaya, wasinika u-R7 million. Emuva kwalokho kasizange sisabheka emuva, sasebenza,” kusho uNkk Gumede.

Kumanje ipulazi lakhe liqashe ngokugcwele izisebenzi eziwu-28 besekuba neziwu-30 ezifcwe yi**ILANGA** kuleli pulazi njengoba kuyisikhathi sesivuno - eziqashwe njengetoho.



UMOBA osepulazini iNtathakusa uthengwa yiTongaat Hullets.

UNkk Gumede uthi ukutshala i-grapefruit akufani nezinye izithelo njengoba yona iyashesha ukuzwela emakhazeni naselangeni elishisa kakhulu.

“Kumele senze isiqiniseko sokuthi umsebenzi siyawunakekela njengoba ziziningi izinto ezibhekwayo uma uhambisa umkhqizo wakho emazweni angaphandle.

“Kuhlale kufika ongoti bezokuhlolwa kokudla bezobheka ukuthi umkhqizo unjani usesensimini, siwugcina kuphi uma usuvuniwe. “Size siphumule uma umkhumbi usulayishiwe, okuyilapho umsebenzi wethu uphela khona,” kusho yena.

UNkk Gumede usanda kuthola umklomelo wokuba yiBest Commercial Entrepreneur lapho ehambe no-R125 000, ehlula abanye abalimi besifazane KwaZulu-Natal emncintiswaneni obuhlelwe

wumnyango wezolimo nokuthukiswa kwezindawo zasemakhaya.

Uthi ukuthola lo mklomelo kubasize kakhulu njengoba le mali bephinde bayitshala ukuthuthukisa ipulazi labo.

Iphupho analo wukuthola indawo okungeyabo, abazocgina kuyona impahla yabo asebeyivunile njengoba ekhona beyisebenzisa nelinye ipulazi beshintshana ngamasonto ukuyisebenzisa.

“Elinye isonto kuba ngelethu elinye kube ngelabo. Kasikwazi ukuvuna ngenhlela esiyithandayo ngoba kumele sishiyele nabo indawo abazobeka kuyo,” esho.

UNkk Gumede uyale abanye besifazane ukuthi mabasukume bazithathe basebenze njengoba sesaphela isikhathi sabesifazane abathembela kubayeni babo ukuba babondle.

thandeka.ngobese@ilanganews.co.za

**Imali yokuthenga izinto zokusebenza - ibingekho, sasizwa wumnyango...**